**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2021**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZA (FAL)**

**IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE9)**

**IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)**

**ISIKHATHI: 2 Amahora** **AMAMAKI:70**

**MFUNDI:**

- Lifundisise **LONKE** iphepha ungakaqali ukubhala.
- **QALA** umbuzo ngamunye ekhasini lawo **WODWA.**
- Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
- Bhala umsebenzi **OHLANZEKILE** ungahlikizi**.**
- Phinda ulifunde iphepha uma uqeda ukubhala ukuze **ULUNGISE** amaphutha.

# OKUMHLOPHE KODWA!!!!

# UKUHLUKANISWA KWEPHEPHA

**UMBUZO 1**

1. ISIFUNDO SOKUQONDISISA
   - Imibuzo eqondene nesifundo sokuqondisisa.
   - Phendula ngamagama akho. MUSA ukucaphuna endabeni kungashiwongo.

[25]

2. **UMBUZO 2**

   UMBHALO OBUKWAYO UFUNDWE

   - Bukisisa isithombe osinikeziwe.
   - Phendula imibuzo njengoba uyalelwe. [15]

3. **UMBUZO 3**
   - UKUFINGQA
   - Fundisisa isiqephu bese ukhipha amaphuzu ayi-7.
   - Sebenzisa amagama akho ukubhala imisho. [10]]

4. **UMBUZO 4**
   - Uzonikwa isiqeshane esincane ozosifunda bese uphendula imibuzo oyibuziwe.
   - Ihambelana nezakhiwo nezimiso zamagama.
   - Kukhona eminye imibuzo ehambelana nesimo senkulumo.

[20]

**ISAMBA 25+15+10+20 = [70]**

**UMBUZO 1**

**ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

1. **Fundisisa isiqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.**

**UMASIKANDI**

Umasikandi uhlobo lomculo othi ucula ngomlomo ube udlala isigingci (guitar) kwesinye isikhathi kubakhona nenkositini. Uculwa kakhulu abantu abangamaZulu. Lo mculo uvamise ukubukelwa phansi (undermined) ngoba kwaziwa ukuthi uculwa kakhulu abantu basemakhaya okwaziwa ukuthi abafundile. Leli gama elithi masikandi liqhamuka egameni lesiBhunu elihambelana nomculo.

Ziningi izinsizwa ezihlonishwayo ezinye esezalala ezikhombise uthando lwalo mculo futhi zenza isiqiniseko ukuthi awufadabali (disappear). Singabala eziyingcosane nje oPhuzekhemisi umfo kaMnyandu, oHhashi elimhlophe umfo kaNgcobo, oNdidane, oThokozani Langa okuthiwa nguye osesigqokweni (best) kulo mculo okwamanje. Kukhona ngisho insizwa emhlophe nayo eseyendela koyisemkhulu uJonathan Clegg eyayidlala noSipho Mchunu eyayishiya induku ebandla (left the mark) ngalo mculo. Yena waphinde wawuxuba nezinye izilimi waze wawukhiphela ngaphandle kweNingizimu Afrika. Muva nje sekukhona umfana omncane naye omhlophe uQadasi ohamba ezinyathelweni zika-Clegg ngokusincinza isiginci aphinde adonse nenkositini. Okumangazayo indlela elenyuka ngayo izinga lalolu hlobo lomculo kungenxa yamagalelo entsha ekhulele kuwo. Ezinsizweni ezisencane kukhona le ebizwa ngoKhuzani umfo kaMpungose, uKhuba, egila izimanga ngalo mculo.




UKhuzani uzalelwe wakhulela endaweni yaseNkandla esemakhaya (rural). Ukhule elusa izinkomo njengabo bonke ontanga yakhe basemakhaya. Ungene isikole khona eNkandla lapho egcine ephase khona ibanga le-12. Uzalwa emzini ongabizwa ngokuthi owomfokazana. Okumangazayo ukuthi namuhla ubalwa nabanye babantu abangayidli imbuya ngothi ngenxa yomculo kamasikandi. Ungene kulo mculo enemiyaka engama-20. Wamangalisa uMasipala weTheku ngokufunga ogomele ukuthi uzogcwalisa inkundla yezemidlalo i-Moses Mabhida eseThekwini ngabalandeli bakamasikandi ngonyaka wezi-2019. UMasipala

weTheku wakhipha izizumbulu zemali ngoba uthemba iqholo nesibindi sakhe Nangempela kwaya ngamagama enkehli kwagcwala abantu ababalelwa ezi-56,000. Kwaze kwafika nowayemele uhulumeni wezwe uNgqongqoshe wezamaCiko namaSiko uMnumzane Nkosinathi Mthethwa. Iyajabulisa indlela anomqondo ovuleke ngayo mayelana nomculo kaMasikandi. Ngisho noMasipala wangakubo eNkandla sewake wamenzela umcimbi wokumbonga ngokuphakamisa indawo yaseNkandla. Nalapho kuthiwa kwakufinywa ngendololwane nabazali bakhe bezishaya isifuba ngemisebenzi emihle yendodana yabo. Seloku ngaqala ukuzwa ngomasikandi angikaze ngizwe kuthiwa ukhona owake wacula neqembu lazo zonke izinsimbi sokudlala umculo nezizwe ezahlukene zaseNingizimu Afrika ku-okhestra ngaphandle kukaKhuzani Mpungose. Sikhuluma nawe nje kade eyomela izwe lethu e-Dubai ngomasikadi emcimbini omkhulu abebemmeme kanye namanye amaciko olunye uhlobo lomculo.

2.



Enjalo nje uKhuzani amanye amaculo akhe awavuli amehlo abantu abathanda umasikandi kuphela. Muva nje uke waqamba iculo elibe undabamlonyeni lithinta izimpilo zabantu abaningi baze balibhiyozela elithi, “Umshado awulona ijele.” Lagcina lidle umhlnganiso nasemsakazweni uKhozi FM.

Uma sibuka iminyaka yakhe, isengamashumi amathathunanye nje kuphela. Sikhuluma nje unesiqholo sakhe sokunukisa kahle umuntu osibona ngesingingci. Kuyakhombisa ukuthi kukhulu asakugodlile ufihle induku emqubeni umfokaMpungose.

1.1 Iluphi uhlobo (type) lomculo okukhulunywa ngalo lapha endabeni? (1)

1.2 Umlobi uthi yini edala ukuthi ubukelwe phansi lo mculo? (1)

1.3 Igama elithi,”Masikanda” lisuselwa kuluphi ulimi (language)?. (1)

1.4 Uma ubuka isithombe -1 yini oyibonayo ekhombisa ukuthi uKhuzani Uyinsizwa yoMzulu. (2)

1.5 Waba naliphi igalelo (input) emculweni womasikandi eNingizimu Afrika uJonathan Clegg? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)

1.6 Abantu abanjengoPhuzekhemisi basize ngani emculweni kamasikandi? (1)

1.7 Khetha impendulo EYODWA elungile kulezi ozinikezwe ngenzansi:

UJonathan Clegg wayecula no….

(A) Hhashi elimhlophe

(B) Sipho Mchunu

(C ) Qadasi (1)

1.8 Bhala into oyifunde endabeni ekhombisa ukuthi uKhuzani ungumuntu onesibindi (brave) futhi okwaziyo ukuzikhandla (hard worker). (2)

1.9 Yini ekhombisa ukuthi uMasipala waseThekwini wamethemba uKhuzani uma efika nombono wakhe wokugcwalisa i-Moses Mabhida? Chaza ngephuzu **ELILODWA.** (2)

1.10 UKhuzani uhlala ngaphansi kwamuphi umasipala nowammenzela idili? (1)

1.11 Khetha impendulo EYODWA kulezi ozinikeziwe ezichaza isimo senkulumo esibhalwe ngamagama ahlukile lapha ngenzansi.

1.11.1 Izinsizwa ***esezalala*** kuchaza ukuthi:

(A) Sezayeka ukudlala umasikandi.

(B) Ziyafika ziphinde zinyamalale.

(C ) Sezashona. (1)

1.11.2 Abantu eNkandla **babefinya ngendololwane**.

(A) Babephethwe umkhuhlane abaningi.

(B) Ukudla kwakukuningi ababekudla khona.

(C ) Kwase kuhlasele isifo i-Covid-19 (1)


1.12 Phendula ngokuthi **IPHUTHA** noma **IQINISO** embuzweni elandelayo.

1.12.1 UQadasi umfana osemncane omhlophe odlala umculo wamapiyano. (1)

1.12.2 Umsakazo woKhozi FM iwona omkhulu kunayo yonke imsakazo yabantu abamnyama eNingizimu Afrika. (1)

1.12.3 UKhuzani umculo kamasikande usewufake ngisho naku-okhestra. (1)

**1.13 Buka isithombe sekhathuni elandelayo bese uphendula imibuzo ebuzwe ngaso.**




[Sicashunwe ku-www.pictures.com]

1.13.1 Ubani igama lalona okuthiwa unomona la kukhathuni? (1)

1.13.2 Uma ubuka isithombe wena uyibona inkulu yini ingubo kaThingo? Sekela ngempendulo yakho. (1)

1.13.3 Khetha impendulo EYODWA echasa isimo senkulumo esibhalwe ngokuhlukile lapha ngenzansi.

1.13.3.1 Phela **uyayidla indwangu:**

(A) Usesifo sokuhlafuna izindwangu.

(B) Uyathanda ukungenela imincintiswano yokugqoka.

(C ) Umuntu othanda ukugqoka kahle. (1)

1.13.4 Ngokwazi kwakho wena uyiqiniso yini umbono wokuthi amantombazane athanda ukuhleba.? Chaza isizathu sempendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.13.5 Mangaki amantombazane alapha esithombeni? (1)

**[25]**

**UMBUZO 2**

**UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO**

2. Bukisisa ikhathuni elapha ngenzansi bese uphendula imibuzo oyibuziwe **.**




[Sicashunwe ku-www.cartoons.com]

2.1 Uma ubuka kubukeka kuyikuphi lapho bexoxele khona laba? (1)

2.2 Uthisha uthi ukuthole kuphi lokhu akuphethe? (1)

2.3 Uwuthole kanjani uthisha lo gwayi? (1)

2.4 Sazi kanjani ukuthi lo thisha okhuluma lapha akasiyena uThishomkhulu wesikole? Bhala uchaze ngephuzu ELILODWA. (2)

2.5 Tomula umusho owodwa owufunde kukhathuni okhombisa ukuthi uMpho uyakuthanda ukulwa. (2)

2.6 UMpho uyazi kahle ukuthi akufanele eze nogwayi esikoleni. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

2.7 Bhala usho ukuthi igama elithi, **"ngipanishwe**" lisukela kuliphi ulimi kulezi ezilandelayo:

(A) IsiBhunu

(B) IsiNgisi

(C ) IsiSuthu (1)

2.8 Ngokwazi kwakho uma sexwayiswa ngokubhema ugwayi kuye kuthiwe unabuphi ubungozi emzimbeni yethu? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

2.9 Uma ubuka umfaniswano walaba bafundi, yini eyodwa ohluke ngayo Owabafana kunalowo wamantombazane. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.10 Sibona ngani ukuthi uSindi abanandaba nokuthi uzokwenzani uMpho kuyena? (1)

**[15]**

**UMBUZO 3**

**UKUFINGQA**

**3.** Fundisisa lesi siqeshana esingenzansi esimayelana nezindlela zokuzivikela ukuthathelwa imoto kanjani uma uthathelwa imoto. Sifingqe ngamaphuzu ayisi-7

**IMIYALELO**

1.Bhala la maphuzu ayi-7 usebenzisa amagama **AKHO** asukela kwanga-50 kuya kwanga-60 **KUPHELA.**

2**.** Imisho eyi-7 mayibhalwe izinombolo kusuka kowo-1 kuya kowe-7.

3.Umusho ngamunye mawubenephuzu **LAWO** wodwa.

4 BALA amagama owasebenzisile ngenkathi ufingqa isiqephu bese uwabhala ngenzansi kwemisho.

UNGAZIVIKELA KANJANI UMA UTHATHELWA/WEPHUCWA IMOTO

Ukuthathwa kwezimoto kwenzeka zonke izinsuku emhlabeni wonke. Abantu abantshontsha izimoto bayingozi basebenzisa amandla, izikhali nesihluku. Bakwenza lokhu ngokushesha okukhulu. Abayizisulu (victims) zalokhu bayabulawa, balinyazwe bathathelwe zonke izinto.

Ukuhamba ngemoto esesimweni esiphilile kubalulekile. Uma uzoba nendlela gcwalisa uphethiloli, ufuthe namathayi ukuze ungami endleleni. Lokhu phela kungakusiza ukuthi kungaqhamuki abantu abayizigebengu usamile.

Kunezinto okufanele uzijwayeze zona sonke isikhathi uma usemotweni. Ukuvala amawindi nokukhiya iminyango kungakusiza. Lokhu kufanele ukwenze njalo uze ukujwayele.

Wonke umuntu uyakhululeka uma ebeke izinto zakhe esihlalweni semoto. Esikhathini samanje lokho kufanele ukuqaphele ngoba kungakufaka enkingeni. Isikhwama, imali, ifoni nokunye okusemqoka kufanele ukubeke ebhuthini noma ngaphansi kwezihlalo. Umuntu angakuthathela/angakuphuca imoto ngoba ehehwe yilezo zinto.
Ukuphila kahle nomakhelwane bakho kungakusiza ukuze usheshe ubone umuntu noma imoto engajwayelekile eduze kwekhaya lakho. Abantu abathatha izimoto bayakuhlasela nasekhaya uma beyifuna imoto yakho.

Ezindaweni ezisemadolobheni kuvamisile ukthathwa kwezimoto. Ukupaka eduze kwezitolo nasendaweni edlula abantu abaningi kungakusiza. Izigebengu ziyaphazamiseka uma abantu bephithizela ngoba kazikwazi ukubaleka kahle nemoto yakho.

Imoto kufanele ibe nendawo ozoyipaka kuyona ebusuku nasemini. Ukwakha ezokuphepha eziqinile emzini wakho kuyisu elihle ngoba abathatha izimoto abayifuni into ezobambezela. Paka imoto egalaji elikhiywayo noma ekhaya elibiyelwe. Ukubiyela kwenza umsebenzi ube lukhuni ezigebengwini. Imoto yakho kufanele ibe ne-alamu esebenza kahle kanye ne-tracker ukuze imoto itholakale kalula uma kwenzekekile yantshontshwa.

Ubugebengu abupheli, kunalokho buya phambili. Kufanele sizame ukuhlala siphephile ukuze singakhulisi isibalo sabantu abathathelwa izimoto.

**[10]**

**UMBUZO 4**

**UKUSETSHENZISWA KWEZAKHIWO NEZIMISO ZAMAGAMA**

**4**. Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ebuziwe njengoba uyalelwe.

Umculo kanye nezemidlalo enye yezinto ezibalulekile ekuhlanganiseni abantu nezizwe ezihlukene. Uma sekubekwe iculo la kwathiwa akuculwe noyidliwa ubimba eya khona noma sekunyakazwa angqubuzane nabanye kuphambana imilenze. Khona zolo loku kuneculo elibizwa ngo-“ Jerusalem” elithathe iNingizimu Afrika layibeka esicongweni sentaba. Linjalo nje leli culo bekunomdanso oqondene nalo ngqo ungavele uxove udaka nje noma kanjani. Ngiyacabanga nezingane ezaqamba leli culo zazingazi ukuthi lizoduma umhlaba wonke.

4.1 Funda imisho elandelayo bese ushintsha amabizo abhalwe ngokuhlukile uwenze abe izinciphiso. **DWEBELA** isinciphiso emshweni wakho.

**Isibonelo:** (i) Intombazane eculisa esikoleni ibigqoke ***isiketi*** esifushane.

(ii) Intombazane ebicula esikoleni ibigqoke ***<u>isiketshana</u>*** esifushane.

4.1.1 ***Izingane*** zingene esiteji zacula into esukumise wonke umuntu ehholo. (1)

4.1.2 Umbhidisi wazo ubephethe **induku** abeloku ebabhidisa ngayo. (1)

4.1.3 Uma sekwenziwa isitebhu somculo kufuneka ***imilenze*** le ishwibeke. (1)

4.1.3 Hhayi umfowenu sengathi ***uyibhimbi*** uma sekuza ekunyakazeni. (1)

**[4]**

4.2 Sebenzisa iziqu zesiphawulo ozinikeziwe ukuqedela imisho elapha ngenzansi. DWEBELA isiphawulo emshweni wakho.

**Isibonelo:** (i) UMkhasibe kuthiwa uhambe nabantu **-thathu** beya eMkhuze.

(ii) UMkhasibe kuthiwa uhamba nabantu **abathathu** ukuya eMkhuze.

4.2.1 Sizofaka ucingo **-de** olunogesi ukuvikela izigebengu zingangeni ekhaya. (1)

4.2.2 Abashongo ukuthi kuzofika abaqaphi **-ningi** ukuzogada isikhungo sokuvota. (1)

4.2.3 Kungumsebenzi **-khulu** ukufundisa ingane indlela yokuziphatha. (1)

**[3]**

4.3. Bhala ukuphika ngokushintsha isenzo ngasinye emshweni elandelayo.

**DWEBELA i**senzo emshweni wakho.

**Isibonelo:** (i) Abazali **bafuna** umfana aye esukoleni.

(ii) Abazali **abafun**i umfana aye esikoleni.

4.3.1 Uyazi umkhulu **ukhuphuka** intaba ngenduku eyodwa. (1)

4.3.2 Othisha abasebancane **bayahlupheka** ngokufundisa ntambama. (1)

**[2]**

4.4 Sebenzisa isenzo ezeluliwe ukwakha imisho yakho ngezimpambosi ezisezikokeleni.

**Isibonelo: (i)** Uli…… lelo bhodwe ngoba lingcolile. (yokwenzisisa)

(ii) **Uligezisise** lelo bhodwe ngoba lingcolile.

4.4.1 Wena Hlumisa uyathanda **ukupheka** ingane njalo uma ikujabulela.

(yokwenzisa) (1)

4,4.2 La mantombazane awakhohlwa **ukukha** ugogo wawo amanzi njalo empompini.

(yokwenzela) (1)

4.4.3 Ihholo kuthiwa **belihlanza** abantu ebebephuma kwezinye izindawo kunalaba balapha endaweni. (yokwenziwa**)** (1)

**[3]**

**4.**5 Gcwalisa ngamamgama afanele ayizabizwana zokukhomba ozinikeziwe.

Isibonelo: (i) Kuthiwa …..**mfana** wayengathunyiwe induna wayezintshontshela nje (buqamama)

(ii) **lowo**

4.5.1 Kuthiwa…….(kude) **befundisi** bahamba yonke indawo beshumayela. (1)

4.5.2 Kanti wena ubuye **kudokotela**…….(eduze) osePhayindani, bengithi uya eThekwini. (1)

4.5.3 Lagcinaphi liphelelephi ……(kude) **cala** lomfana owadubula uyise kodwa wasinda. (1)

**[3]**

4.6 Bhala imisho emibili ekhombisa ukuthi igama olinikiwe linezincazelo ezimbili.

Isibonelo**: Inyanga**

**Inyanga** ikhanyisa kahle ebusuku.

Le **inyanga** yami yokuzalwa.

4.6.1 Ithanga

**[2]**

4.7 Kule misho engenzansi ku-A kukhona isimo senkulumo esihambalana nayo ku-B.

Kuqondanise. Bhala izimpawu KUPHELA.

**Isibonelo:** 4.7.4 > A

| | |
|---|---|
| 4.7.1 Umalume ubuye eseqhuba imbuzi kade eye emcimbini wakwaZwane. . | (A) Isingathekiso |
| 4.7.2 Ngiyamesaba ubaba yibhubesi. | (B) Isifaniso |
| 4.7.3 Yini ulokhu ugwavuma njengenja la eduze kwami? | (C ) Isihlonipho |
| | |

**[3]**

**ISAMBA 25+15+10+20** **[70]**